

Owayeyisisebenzi sakwaSARS uthole isigwebo seminyaka eyi-12 eboshiwe

Tshwane, 24 kuMasingana 2022 – Owayeyisisebenzi soPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) uBilal Shaik uthole isigwebo seminyaka eyi-12 ngokukhwabanisa, ukwenza umgunyathi, ukuzungezisa imali yomgunyathi kanye nokugunyatha imali, efinyelela ku-R6-million.

UShaik wagwetshelwa ukuxhumanisa ukukhokhwa kwezimali ezibuyiswayo zomgunyathi ezinkampanini ezintathu. Kodwa-ke, imali yagcina ifika ku-akhawunti yasebhangwe kaShaik owabe eseyisebenzisela izinto zakhe leyo mali.

Ummangalelwa wesibili, uKyle Nadasen omele i-Kyle Nadasen CC, wahlwa icala lokukhwabanisa, ukwenza umgunyathi kanye nokuzungezisa imali yomgunyathi. Wagwetshwa iminyaka eyisithupha ebhadla ejele, elengiswe ngokugcwele iminyaka emihlanu, ngaphansi kombandela wokuthi umsolwa angeke atholakale enecala ngaphansi kwesigaba 4 soMthetho Wokunqanda Ubugebengu Obuhleliwe (POCA), ngesikhathi lesi sigwebo sisalengisiwe.

Ummangalelwa wesithathu, uMiloni Chetty, oyilungu yedwa le-ILONIM General Traders, yena watholakala engenacala kuwo wonke amacala ayebekwe wona.

Inkantolo yalalela ubufakazi bokuthi abammangalelwa bathumela ama-invoyisi emigunyathi ngenhloso yokuthola izimali ezibuyiswayo zeNtelantengo ngokungafanele.

UKhomishana woPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), u-Edward Kieswetter, usamukele isigwebo esinikwe owayeyisisebenzi sakwaSARS uBilal Shaik benoKyle Nadasen.

“USARS angeke umelane nokuziphatha kobugebengu kwezisebenzi zawo. Lokhu akuxoxisi, njengoba abakhokhintela nabahwebi kumele basethembe isikhungo kanye nezisebenzi zaso ukuthi abakwenzayo bazokwenza ngokuthembeka. USARS uzinikele ekwenzeni kube nzima futhi kumbe eqolo kunoma ubani obandakanyeka ebugebengwini bokungasebenzi kahle ezindabeni zentela ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula. USARS udunyazwa abanye abasezikhundleni ababandakanyeka kulobu bugebengu. Sizobhekana nabo,” kuqhubeka uKhomishana.

“Ukuziphatha kobugebengu kuthunaza isithunzi sesikhungo esisemqoka sombuso wentando yeningi esithembele ekuthobeleni ngokuzikhethela kwabakhokhintela nabahwebi ukuze sikwazi ukufeza umyalelo waso wokuqoqa imali ezosetshenziselwa ukusiza bonke abantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi labo abahlwempu nabasengozini,” kusho uMnu. Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za